

Hillcrest High School



IsiZulu Ulimi Lokuqala Lokwengeza 1st Additional Language

Ukuhlolwa kukaJuni 2018

Ibanga leshumi (Grade 10)

Iphepha lesithathu (PAPER III)

Isikhathi: 2 amahora

Umklomelo: 100

KONKE KULELE KUWE !!!

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: amaminithi angama-70

ISIQEPHU B: amaminithi angama-30

ISIQEPHU C: amaminithi angama-20

7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Abahlolwayo mabaqaphelisise isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
ISIQEPHU A: (Izindaba)
• Ubude bendaba

Bhala amagama ayi-190 kuya kwangama-240.

ISIQEPHU B: (Umbhalo owedlulisa imiyalezo)

• Ubude bombhalo

Bhala amagama angama-80 kuya kwayi-100.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)

• Ubude bombhalo


Bhala amagama angama-60 kuya kwangama-80.

QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU:A INDABA

1. Khetha **ISIHLOKO ESISODWA** kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni ayi -190 kuya emagameni angama – 240.
 - 1.1 Bhala indaba ngesihloko esithi: Abazali bami bayisibusiso kimi. [50]
 - 1.2 Ubuvakashele ezinkundleni zemidlalo ngamaholide ePhasika ukuyobuka iqembu lomdlalo owuthandayo lidlala. Lolu bekungusuku olugcwele intokozo kuwe. Bhala indaba esihloko sithi: Usuku Engingasoze Ngalukhohlwa. [50]
 - 1.3 Unyaka wezi-2017 ubungunyaka wesomiso ezindaweni eziningi zalapha eNingizimu Afrika. Lokhu kwenze abantu baqala ukonga amanzi. Bhala indaba esihloko sithi: Isomiso. [50]
 - 1.4 Izindlela zokuxhumana ziya ngokuba lusizo olukhulu emindenini noma emiphakathini yakuleli. Bhala indaba esihloko sithi: Omakhalekhukhwini Balusizo. [50]
 - 1.5 Ukuqala ibanga leshumi kukhombisa ukuthi umfundi useqalile ukulandela amaphupho ekusasa lakhe. Bhala indaba esihloko sithi: Izifundo Zami Engizikhethile Zizongiholela Ekusaseni Lami. [50]
 - 1.6 Buka lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha esisodwa ubhale ngaso indaba. Ungakhohlwa ukuyipha isihloko indaba yakho.

1.7.1



Sicashunwe ku-inthanethi

1.7.2



Sicashunwe ku- inthanethi

ISAMBA SESIQEPHU A :50

ISIQEPHU: B UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO

2 . Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.

INCWADI YOBUNGANI

2.1 Emva kokuphumelela kahle isigamu sokuqala sonyaka esikoleni ebangeni leshumi. Abazali bakho bakuthengele isipho owawukade usifisa. Bhalela abazali bakho INCWADI ubabonge ngesipho abakuthengele sona. Sichaze lesi sipho. [30]

UMLANDO NGOMUFI

2.2 Kushone umalume wakho. Umndeni ucele wena usizana nomalumekazi wakho ukuthi ubhale umlando wakhe. Bhala UMLANDO NGOMUFI. [30]

INGXOXO

2.3 Ukhethwe ukuyodlalela iqembu lomidlalo owudlalayo esikoleni sakho eGoli. Bhala ingxoxo ephakathi kwakho nomunye wabazali bakho ucela imvume yokuhamba nesikole. Bhala INGXOXO yenu lapho uchaza khona kumzali. [30]

UMBIKO

2.4 UMnumzane Panday uphenya icala lokulahleka kukamakhalekhukhwini eklasini lenu. Wena unolwazi ngokwenzekile. Bhalela uMnu. Panday UMBIKO ngalokho okwaziyo. [30]

ISAMBA SESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU: C
UMYALEZO

IUMBHALO OMFUSHANE ODLULISA

3. **Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-60 kuya kwangama-80.**

ISIKHANGISO

- 3.1 Isikole sifuna ukukhangisa umncimbi waso omkhulu wezemidlalo (derby day). Bacele ukuba abafundi bakhe izikhangisi abayokhetha kuso abayokuyosisebenzisa. Veza owakho umbono ngokubhala ISIKHANGISO. [20]

IPHOSIKHADI

- 3.2 Udadewenu/umfowenu ukukhokhele ithikithi elibizayo lokuyobona umculi omthandayo waphesheya kwezilwandle walapho ehlala khona. Lokhu kukuthokozise kakhulu wabona kungcono ubhalele abazali bakho abaseNingizimu Afrika IPHOSIKHADI ubazise ngaleli khonsathi. Bhala iphosokhadi. [20]

IDAYARI

- 3.3 Uvakashele udadewenu/umfowenu ohlala phesheya. Uqondane nesikhathi esihle lapho naye eseholidini. Nihambe naye izindawo eziningi ezahlukene. Bhala IDAYARI yezinsuku ezinhlanu nindawonye. [20]

ISAMBA SESIQEPHU C: 20

ISAMBA SESISONKE: 100